



# INDLELA YOKUTHOLA ULWAZI NGOBUMSULWA BAKHO KWEZENTELA

#YourTaxMatters

Njengama-Small, Micro or Medium Enterprise (SMME), ngesinye isikhathi kuzodingeka ukuthi uhlizzeke / uqinisekise / wabelane ngolwazi lobumsulwa bakho kwezeNtela nesinye isikhungo. Lokhu kungaba ukufaka isicelo sethenda, inkontileka entsha, isimo sebhizinisi lakho noma mayelana notshalomali lwamazwe angaphandle. **Ulwazi lobumsulwa bakho kwezeNtela ungaluthola ngokusebenzisa uhlelo lokuThobela imigomo yeNtela.**



## Luyini uhlelo IweSimo sokuThobela imigomo yeNtela?

Isimo sokuThobela imigomo yeNtela (TCS) uhlelo olungene endaweni yohlelo IweSitifketi soBumsulwa kwezeNtela okwaku-wuhlelo olwalusethenziswa abakwa-SARS ngaphambilini

Uhlelo olusha Iwe-TCS lukuvumela ukuba uthole i-PIN ye-TCS ngaleso sikhathi, esikhundleni sokuthola iSitifketi seNtela ngesandla.

**Khumbula!** Isimo sakho sokuthobela imigomo yentela siyaguguququa ngoba siya ngokuziphatha kwakho ezindabenzi zentela, futhi singaba nomthelela emathubeni ebhizinisi lakho.

## Yini engiyidinyo ukuze kube ukuthi ngithobela imigomo yentela?

Ukuze kube ukuthi uthobela imigomo yentela, kumele uqinisekise ukuthi:



- ✓ Uzibhalisele zonke izinhlobo zentelo
- ✓ Uwathumela wonke amaphepha okubuyisa intel a ngesikhathi esifanele
- ✓ Uzikhokhela zonke izikweletu zakho zentela ngesikhathi esifanele

## Uyithola kanjani i-TCS PIN ngokusebenzisa i-eFiling?

Qinisekisa ukuthi une--Adobe Flash esebebenzayo kukhompyutha noma ku-laptop yakho. Vakashela ku- [www.adobe.com](http://www.adobe.com) ukuze udawunilode.



## 1 Ngena ku-eFiling

Uma ubungakabi ngumsebenzisi we-eFiling zibhalise ku- [www.sarsfiling.co.za](http://www.sarsfiling.co.za)

Udinga ukuba ngobhalisiwe ku-eFiling futhi ube nohlobo olulodwa lwentela olubhalisiwe kuprofayeli yakho ye-eFiling ukuze ukusebenzisa usizo Iwe-TCS.

## 2 Yenza usizo IweSimo sokuThobela iNtel a luqale ukusebenza

Udinga ukwenza iSimo sokuThobela iNtel a sisebenze kanye ngemva kwalokho sizohlala sivulelekile ukusebenza.

Uma uhlelo selusebenza uzobona umbhalo "My Compliance Profile" esikrinini.

Uma ubhalisele ngapezu kohlobo olulodwa lwentela futhi ungakazihlanganisi zonke izinhlobo zentela zibe yiprofayeli eyodwa, kunconya ukuba ugcwalise "Merge Entities" ukuze ubone iprofayeli yokuthobela yazo zonke izintelo.



## 3 Buka i-"My Compliance Profile" yakho

Isimo sakho sokuthobela intel a sizobe sesivezwu ngokwale mibandela elandelayo yokuthobela:

- Isimo sokubhalisa
- Ukuthunyelwa kwamaphepha okubuyisa intel a
- Isikweletu
- Amadokumenti esekelayo

Kuzokuvela iprofayili ephawulwe ngemibal a ukuze ibalule ukuthi uyithobele yini imigomo yokuthobela esohlwini ngenhla.

 Oluhlaza okotshani - Izindaba zakho zentela zihlelekile futhi uyayithobela imigomo yentela.

 Obomvu - Izindaba zakho zentela kazihlelekile futhi kawuthobeli imigomo yentela

## 4 Cela i-PIN ku-eFiling

Ukuze ucele i-PIN yiya ku- "My Compliance Profile":

- Khetha u-Tax Compliance Status Request
- Khetha uhlolo Iwe-TCS ofisa ukulufakela isicelo. Uzothola lokhu okulandelayo ongakhetha kukho:
  - » Ubumsulwa
  - » Ithenda
  - » Imalisabelo yoTshalomali IwasemaZweni (umuntu siqu kuphela)
  - » Ukufuduka (umuntu siqu kuphela)
- Gcwalisa iSicelo seSimo sokuThobela iNtel a bese usithumela kwa-SARS.

I-PIN kumele ikhishwe ngaleso sikhathi ngokuthunyelwa i-SMS noma i-imeyili uma izindaba zakho zentela zihamba ngohlelo.

 Ungacela ukunikwa enye i-PIN ngokuya ngaphansi kuka- "My Compliance Profile"

**OUKUBALULEKILE:** i-PIN ehlukile izonikezwa ngesicelo ngasinye se-TCS osithumelayo kwa-SARS.

## Ngenzenjani uma i-"My Compliance Profile" Ibomvu?

### Ongakukhetha 1:

Yiya kunkomba yesimo sakho ku "Non-compliant" ku-eFiling ukuze uthole eminye imininingwane ngokuthi ungasilungisa kanjani isimo sakho sokuthobela bese wenza okufanele.

### Ongakukhetha 2:

Uma ungavumelani, ufisa ukuphonsela isimo sakho sokuthobela inselelo, khetha "Challenge Status" ngezansi kwesikrini esithi "My Compliance Profile".

## Ubani OZOQINISEKISA ISIMO sakho SOKUTHOBELA IMIGOMO YENTELA?



Kungase kube nezikathathi lapho umuntu (umuntu noma enye inkampani noma isikhungo sikahulumeni) singadinga ukuqinisekisa isimo sakho sokuthobela imigomo yentela uma ufa ke isicelo sethenda, noma sesimo sebhizinisi - okuqinisekisa ukuthi ngabe izindaba zakho zimi ngohlelo na kwa-SARS, noma ngezimali zotshalomali lwamazwe angaphandle.

Ukuze uqinisekisa isimo sakho sokuthobela imigomo yentela ku-eFiling, umuntu noma isikhungo bazodinga inombolokumba yentela kanye nenombolo ye-PIN. Vakashela ku [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za) ukuze uthole ngenqubo yokuqinisekisa i-TCS PIN.

## DISCLAIMER

The information contained in this leaflet is intended as guidance only and is not considered to be a legal reference, nor is it a binding ruling. The information does not take the place of legislation and readers who are in doubt regarding any aspect of the information displayed in the leaflet should refer to the relevant legislation, or seek a formal opinion from a suitably qualified individual. For more information you may – • Visit the SARS website [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za) • Contact your registered tax practitioner; • Contact the SARS National Contact Centre – If calling locally, on 0800 00 7277; or If calling from abroad, on +27 11 602 2093 (only between 8am and 4pm South African time).